BU African Studies Center LANGUAGE PROGRAM, 232 BAY STATE ROAD, BOSTON, MA 02215 africa@bu.edu
www.bu.edu/Africa/alp 617.353.3673

# Exercises: Isaga 8, Isitsha esihle asidleli

**Umbuzo 1**
***Write a summary of the story in isiZulu.***
***Bhala isifinyezo sendaba ngesiZulu.***

**Umbuzo 2**
***Write the proverb in isiZulu. Translate into English. Explain the meaning.***
***Bhala isaga ngesiZulu. Humusha ngesiNgisi. Chaza ingqondo.***

Isaga ngesiZulu:

Proverb in English (Literal):

Meaning / Ingqondo:

**Umbuzo 3**
***Answer the questions.***
***Phendula imibuzo.***

1. Indaba iqalaphi?

2. Yini abantu behlezi esontweni?

3. Umfundisi ukhuluma ngobani?

4. UCelani wazalwa ngomhla kabani?

5. Ngubani obulele uCelani?

**Umbuzo 4**
***True or False. If the answer is false, explain.***
***Yiqiniso noma amanga. Uma impendulo ingelona iqiniso, chaza.***

1. UCelani ngumuntu oshonile.

2. UCelani uyikhehla.

3. UCelumusa ungubaba kaCelani.

4. UCelani uziphethe kahle.

5. UCelani ushone ngoKhisimuzi

**Umbuzo 5**
***Listen to the video clip and fill in the blanks with the Zulu words used by the speakers.***
***Lalela ividiyo bese ugcwalisa izikhala ngamagama asetshenziswa ngabantu abakhulumayo.***

Celumusa: Ngiyanibingelela nonke egameni lika _________. Ee..Ngizonifundela umlando womfowethu lana uCelani Experience Sibisi. UCelani wazalwa ngonyaka ka-1989 ku-Agasti ngosuku _______________. Wasishiya ngomhla ka-25 Disemba ngonyaka ka-2010. UCelani wakhula khona la eMtshezi wabe eseyofunda le e_____________, wafunda eRiji, wafunda ePelhemu, wase esuka eya eNdlangezwa lapho aqeda khona umatikuletsheni. Wase wahamba-ke waya eKapa eyothola khona ________ zakhe zobudokotela. Ushiye ngemuva uma wakhe omthandayo uMaCele nobaba wakhe uMnumzane uSibisi nabafowabo __________ nenja yakhe uCabithambo. Sithi nje makalale ngokuthula, size sibonane kwelizayo. Ngiyabonga.

**Umbuzo 6**
***Zulu people use the word "ukushona" when a person dies. The word "ukufa" is used when an animal dies. Choose ukushona or ukufa and write complete sentences.***

***AmaZulu asebenzisa igama "ukushona" uma umuntu eshonile. Igama "ukufa" lisetshenziswa uma isilwane sifile. Khetha ukushona noma ukufa bese ubhala imisho epheleleyo.***

1. Insizwa

2. Inja

3. Ugogo

4. Izinkomo

5. USipho

**Umbuzo 7**
***Translate these sentences into English.***
***Humusha le misho ngesiNgisi.***

1. Angibingelele bathandekayo, umndeni wakwaSibisi, baba uSibisi, umama MaCele, abazali bakamufi, ngibingelele omakhelwane, abangani nezihlobo egameni leNkosi yami uJesu Krestu.

2. Wabuya futhi wangasishiya futhi waya emadolobheni amakhulu kodwa wazosebenza khona lapha endaweni yakithi ukuze athuthukise indawo yakithi. Wabuya futhi wangasishiya futhi waya emadolobheni amakhulu kodwa wazosebenza khona lapha endaweni yakithi ukuze athuthukise indawo yakithi.

3. ...izigebengu zivele zingene esejari yakhe esethi uyavala, zimbulale zithathe nemali.

4. Ngiyanibingelela nonke egameni likaJesu Krestu.

5. Wase wahamba-ke waya eKapa eyothola khona iziqu zakhe zobudokotela.

**Umbuzo 8**
***Celemusa studied in Pietermaritzburg. Find the pairs of cities.***
***UCelumusa ufunde eMgungundlovu. Thola amabhanqa amadolobha.***

1. IMgungundlovu
2. IKapa
3. ITheku
4. IMonti
5. IGoli
6. IPolokwane
7. IKimbali
8. ITshwane
9. IBhayi

A. Durban
B. East London
C. Kimberly
D. Cape Town
E. Johannesburg
F. Port Elizabeth
G. Pretoria
H. Polokwane
I. Pietermaritzburg

**Umbuzo 9**
**Imagine:** Imagine that Celani had not died at a young age, write a story about his life and career as a

doctor. Read to the class.

**Cabanga:** Cabanga ukuthi uCelani akashonanga uma esemcane, bhala indaba ngempilo yakhe nomsebenzi wakhe njengodokotela. Fundela ikilasi.

**Umbuzo 10**
**Cities:** Celumusa spent time in Pietermaritzburg and Cape Town. Research one of these cities on Google and then write ten sentences about that town.

**Amadolobha:** UCelumusa uchithe isikhathi eMgungudlovu naseKapa. Funa ulwazi kuGoogle ngedolobha elilodwa ubhale imisho eyishumi ngedolobha lelo.